UKUKALWA KWESISINDO SENGANE ENEMINYAKA EMIBILI NANGAPHEZULU

**Igama lomfundi:** **Inombolo yomfundi:**

**Usuku:**

Okudingekayo: isikali esisebenzayo sokukala isisindo, kungaba esikagesi noma esejwayelekile nje

Inhloso: ukuthola ukuthi ngabe ingane ikhula kanjani, ngabe ingane yelulama kanjani ezifweni zaphambilini noma ngabe ingane imelana kanjani nezinguquko ezenzekile ekunikweni kwayo ukudla noma ukunakekelwa.

| Inqubo | Okwenziwe | Okungenziwanga |
|---|---|---|
| **Uma ingane isineminyaka emibili nangaphezulu isikwazi ukuma, isingakalwa isisindo** | | |
| 1. Bingelela bese uzethula kumama kanye nasenganeni | | |
| 2. Chaza inqubo enganeni kanye nakumama: Chaza ukuthi kuzomele ingane igibele esikalini yodwa bese ima inganyakazi | | |
| 3. Cela imvume (ngomlomo) yokukala ingane | | |
| 4. Hlanza izandla zakho ngesibulalimagciwane esine-alkhoholi | | |
| 5. Khumula ingane. Chaza ukuthi ingane kumele ikhiphe izimpahla ezigqokile ezengeziwe ukuze kutholakale isisindo okuyisona. | | |
| 5.1 Inabukeni elimanzi, izicathulo kanye nejini kungaba nesisindo esingu-0.5 kg. | | |
| 5.2 Izingane ezindala kumele zikhumule konke kepha zingashiya izimpahla zangaphansi. | | |
| 5.3 Uma kumakhaza ukuthi ungakhumula ingane noma ingane ingathandi ukukhunyulwa, ungayikala ingane igqokile kepha lokho ukubhale ekhadini lengane lomgomo ukuthi ingane yakalwa igqokile. | | |
| 5.4 Uma kungamukelekile ukuthi kukhunyulwe ingane, khumula izimpahla eziningi ezingaphezulu. | | |
| 6. Ukuvula isikali, yemboza ipheneli yesola umzuzwana. Uma sekuvela u 0.0, isikali sisuke sesilungele ukusetshenziswa. | | |
| 7. Cela ingane ukuba ime phakathi nesikali, imilenze yehlukane, ime inganyakazi kuze kuvele isisindo esikalini. | | |
| 8. Rekhoda isisindo sengane ngokuseduze kwe 0.1 kg ekhadini. | | |
| 9. Icele ukuba isuke esikalini | | |
| 10. Yazise ngesisindo sayo | | |
| 11. Chaza lokho okuvezwe yisikali | | |
| 12. Bonga kulowo obekalwa bese umchazela ukuthi usukuqedile obukwenza | | |
| 13. Hlanza izandla zakho ngesibulalimagciwane esine-alkhoholi | | |

